**ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIVUMI/ NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa yindlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa yindlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke, umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi abhale angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe, uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:

   A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluhambisana nempendulo)

**UMBUZO 1**

1.1 1.1.1 Izikhukhula√ / isimo sezimvula ezinkulu√/izimvula ezinkulu√ (1)

1.1.2 OKUBILI kwalokhu:
- Izimoto√/
- Imfuyo√/
- Amabhizinisi√/
- Izindlu√ (2)

1.1.3 iKwaZulu-Natali√ neGauteng√ (2)

1.1.4 C√/Imifula iyasha. √ (1)

1.1.5 B√/Izilwane √ (1)

1.1.6 (a) C√
(b) A√
(c) B√ (3)

1.1.7 Kungaba nemiphumela emibi ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Abantu bangabulawa indlala.√/
- Ukudla kungabiza ezitolo.√/
- Kunganda izifo.√/
- Izinkampani eziningi zingawa.√/
- Iziguli ezibhedlela zingaba sengcupheni yokushona.√/
- Imfuyo ingaphela nya.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.1.8 Amathangi ayegcwala amanzi kakhulu.√√ (2)

1.1.9 Kubiza kakhulu.√√/Kubiza imali eningi.√√/ kudula kakhulu√√/intengo iphezulu√√ (2)

1.1.10 OKUKODWA kwalokhu:
- Umbhali ufuna abantu bazi kabanzi ngezinkinga ezidalwa izikhukhula.√√/
- Umbhali ufuna sibe nolwazi ngezinselelo ezihambisana nokuguquguquka kwesimo sezulu.√√/
- Umbhali ufuna sigade abantu abaqhamuka nezinkoleloze uma kunezinkinga.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

1.1.11 Noma ezama ukusiza imiphakathi kodwa akukalungi.√√ (2)

1.1.12 OKUKODWA kwalokhu:

- Imifula iyagcwala, abafundi bangakwazi ukuwela bafike ezikoleni.√√/
- Izimoto abahamba ngazo azikwazi ukufinyelela ezindaweni abahlala kuzo zizobathatha.√√/
- Amabhuloho ayabhidlika aguguleke.√√/
- Kwesinye isikhathi nezikole ziyabhidlika, konakale nezincwadi zokufunda.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.1.13 **UMBONO**: Omunye angathi akuyona yonke into engenziwa nguHulumeni iphumelele kepha abantu nabo kumele bazizamele noma balekelelane emphakathini. √√

**NOMA**

**IQINISO**: Ngoba kubhaliwe kumthethosisekelo ukuthi uhulumeni kumele anakekele izakhamuzi ngezikhathi zezinhlekelele.√√ (2)

1.2 1.2.1 Zinhlanu√/zi-5.√ (1)

1.2.2 B√/Ziyagijima.√ (1)

1.2.3 Isimo sezulu sasingesihle, kubanda.√√ /bayagodola kakhulu√√ (2)

1.2.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Zithola ithuba lokuzivocavoca√/
- Uma zidlala zithola nethuba lokwazana kangcono nezinye izingane.√/
- Ukudlala kunikeza izingane ithuba lokufunda izinto ezintsha.√/
- Izingane zithuthukisa ulwazimagama ngesikhathi zidlala.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

| | Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu ahunyushiwe |
|---|---|---|---|
| 1. | 'Nabahlala emigwaqeni banamalungelo okuzikhethela indawo yokuhlala.' | 1. | Abantu abahlala emgwaqeni banamalungelo okuhlala lapho bethanda khona. |
| 2. | 'Lokhu kudala umphumela wokukhulelwa kwamantombazane.' | 2. | Izinga lokukhulelwa kwezingane zamantombazane zisafunda isikole liyakhuphuka. |
| 3. | 'Sithola umphumela wokwehla kwezinga lokuphasa ngenxa yamalungelo.' | 3. | Ukuphumelela kwabafundi kushona phansi kanti kulukhuni ukulungisa lowo monakalo. |
| 4. | 'Lokhu kunomphumela wokwehla komkhiqizo endaweni yokusebenza.' | 4. | Inani lokwenziwayo liyehla endaweni yokusebenza. |
| 5. | 'Lokhu kwehlisa umnotho wezwe.' | 5. | Isimo somnotho ezweni sishona phansi ngenxa yabasebenzi abangawuhloniphi umsebenzi. |
| 6. | 'Kwesinye isikhathi kudaleka ingxabano *(conflict)* kumalungu ebandla nabaphathi, kubangwa yona indlela yokugqoka.' | 6. | Kuba nokuxabana emasontweni phakathi kwabaphathi namakholwa kubangwa indlela yokugqoka. |
| 7. | 'Lokhu kudala ukushiswa kwengqalasizinda *(infrastructure)* uma kungasenzeki.' | 7. | Abantu bacekela phansi okuyizidingo ezibasizayo. |

## UKUMAKWA KOKUFINGQA

Ukumaka kwenziwa ngokubhekela amaphuzu abalulekile abhaliwe, nokuhlungwa kwalawo angabalulekile.

**Ukufingqa kufanele kumakwe kanje:**

- **Amamaki azocazwa ngale ndlela:**
  - Amamaki ayisi-7 ngamaphuzu ayisikhombisa (imaki elilodwa ngephuzu).
  - Amamaki ama-3 olimi.
  - Amamaki esewonke ayi-10.

- **Ukwabiwa kwamamaki olimi uma umfundi engacaphunanga ngqo:**
  - Kusuka ephuzwini elilodwa (1) kuya kwamathathu (3): Umfundi unikwa imaki elilodwa.
  - Kusukela kwamane (4) kuya kwamahlanu (5): Umfundi unikwa amamaki amabili.
  - Kusukela kwayisithupha (6) kuya kwayisikhombisa (7): Umfundi unikwa amamaki amathathu.

- **Ukwabiwa kwamamaki olimi uma umfundi ecaphune ngqo:**

    - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayisi-7: Umfundi akaklonyeliswa lutho ngolimi.
    - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Umfundi uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi, kungeqi lapho.
    - Amaphuzu ama-2 kuya kwama-3, Umfundi uklonyeliswa ngamamaki angeqile kwama-2 olimi.

- **QAPHELA:**

    - **Isibalo samagama:**
        - Abamakayo kumele baqinisekise isibalo samagama asetshenzisiwe.
        - Amamaki awangasuswa uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisewe noma elibhale ngendlela engafanele.
        - Uma inani lamagama leqile kwafanele, funda ugcine kwama-5 kuphela ngaphezu kwenani elimisiwe bese okunye ungabe usakunaka.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

## INDLELA YOKUMAKA

1. **ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA:**
   - Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
   - Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mababphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nesakhi solimi esihlolwayo.
   - Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokubhala/lokuloba.
2. Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela, kusetshenziswe ulimi olufanele, kulandelwe imiyalelo yombuzo.
3. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe, uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: A. UThoko noma A (okuwuhlamvu oluphelele)

## UMBUZO 3

3.1 Yinsipho yokuwasha i-OUMA√/ Insipho yokuwasha izandla (1)

3.2 Insipho yokuwasha ehamba phambili.√ (1)

3.3 Uyahleka nobuso bakhe buchachambile.√/Indlela ahleli ngayo.√ (1)

3.4 Siqondiswe kubo bonke abantu abathanda inhlanzeko.√ (1)

3.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Lo mkhiqizo unikeza izimpahla ukuhlanzeka okumangalisayo.√/
- I-OUMA ivuselela imibala yezimpahla.√/
- I-OUMA isusa wonke amabala okungcola.√/
- I-OUMA insipho edume umhlaba wonke jikelele. √/
- Itholakala kalula ezitolo ezinkulu.√/
- Abantu abayisebenzisayo bayayincoma abawuvali umlomo.√ (2)

3.6 Izabizwana EZIMBILI kwezilandelayo:
- zona√/
- zakho√/
- wonke√/
- yona√ (2)

3.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ukuze amakhasimende abone ukugqama kwemibala yezingubo ezigqokwe owesifazane osesithombeni.√√/
- Ukuheha abathengi ukuthi bawuthenge lo mkhiqizo.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
**[10]**

**UMBUZO 4**

4.1 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
Ufuna ukwenza isiqiniseko ukuthi akadukelwa yilo wesifazane wewigi.√/ (1)
Ubukeka efuna ukumthathela iwigi yakhe ngendlela ayibuka ngayo. √

4.2 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ufake iwigi.√/
- Ugqoke ingubo emfushane.√/
- Ufake izicathulo ezinde.√/
- Ingubo yakhe iveza amabele.√/
- Uthanda imfashini yesimanjemanje.√/
- Izinzipho zakhe zibukeka zingezokufakelwa√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

4.3 Usisi√ wewigi.√ (2)

4.4 C√/Izigebengu.√ (1)

4.5 Umuzwa wokukhathazeka.√√ (2)

4.6 Izimpendulo ziyokwehluka.

Abavumayo:
Ngiyavumelana ngoba:

Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Awazulazuli edolobheni ukuze asabise izigebengu ezicabanga ukwenza okubi.√√/
- Awafiki ngokushesha uma sekwenzeke isehlakalo sobugebengu.√√/
- Kwesinye isikhathi amaphoyisa asebenzisana nezigebengu.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

**NOMA**

Abaphikayo:
Ngiyaphika ngoba:

Iphuzu elilodwa kwalandelayo:
- Inani lawo lincane noma angasebenza kanjani ngeke akwazi ukunqanda ubugebengu.
- Izinsizakusebenza ezifana namaveni azanele.
- Umphakathi awubambisani namaphoyisa ukuze kuliwe nobugebengu.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

| | | | |
|---|---|---|---|
| 5.1 | 5.1.1 | UDisemba.√/uZibandlela√ | (1) |
| | 5.1.2 | Abaphumelele.√√ | (2) |
| | 5.1.3 | Esikoleni.√√ | (2) |
| | 5.1.4 | lezi zingane.√√ | (2) |
| | 5.1.5 | C√/unovalo.√ | (1) |
| | 5.1.6 | <u>ne**N**</u>ingizimu√ - <u>**A**</u>frika√ | (2) |
| | 5.1.7 | iphepha√<br>indaba√ | (2) |
| | 5.1.8 | AmaNyuvesithi **abhekwa** ngabazali.√√ | (2) |
| 5.2 | 5.2.1 | <u>**u**</u>khuluma√ | (1) |
| | 5.2.2 | Kungani ungizonda kangaka mngani wami?√ | (1) |
| | 5.2.3 | Uzibona engcono kunabanye abantu√√ | (2) |
| | 5.2.4 | uhleba√ | (1) |
| | 5.2.5 | futhi√ | (1)<br>**[20]** |

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**